

**من خلق الكون؟ ومن خلقتي؟ ولماذا؟
(للحرمين)**

**Ubani owadala indalo yonke?
Futhi ubani owangidala? Futhi
kungani?**

Ubani owadala indalo yonke? Futhi ubani owangidala? Futhi kungani?

Ikomiti Lezifundo leHhovisi likaMongameli Wezindaba Zenkolo eMasjid Al-Haram naseMasjid An-Nabawi.

Ubani owadala indalo yonke? Futhi ubani owangidala? Futhi kungani?

Ikomidi Lezazi eHhovisi eliphezulu elingamele okuphathelene nezekolo eMasjid Al-Ḥarām Kanye ne Masjid An-Nabawī.

Ngabe ngisendleleni Elungile?

Ubani owadala amazulu nomhlaba nalok osi maphakthin okukuzo okuyizidalwa ezinkulu ezingaphezu kokuqonda?

Ubani uku Kalma lolu hlelo olucikikile noluphelele emazulwini nasemhlabeni?

Ubani owadala umuntu wamnika ukuzwa nokubona ingpondo, wamenza wakwazi uku thola ulwazi nokuqonda okungokoqobo?

Ubani owaklama loluhlelo ngokuqondile nangokuphelele izitho zomzimba wakho, wakubumba waphelelisa isimo sakho?

Zinza ngokomqondo yezidalwa eziphilayo ezinhlobonhlobo, ubani owazidalayo ngezimo ezingenamkhawulo?

Kwenzika kanjani ukuth yonke lendawo engaka ihleleke futhi izinze ngemithetho yayo eyilawula

ngobunyoninco obukhulu ngokuhamba
kweminyaka?

Ubani owabeka imithetho elawula lo mhlaba (impilo nokufa, ukuzalana kwezinto eziphilayo, ubusuku nemini, ukushintsha kwezinkathi zonyaka...)?

Ingabe le ndalo yonke yazidala yona? Noma yavela ebuzeni? Noma yaba khona ngokuzenzakalela? Wathi uAllah oPhezukonke:

﴿أَمْ خُلِقُوا مِنْ غَيْرِ شَيْءٍ أَمْ هُمْ الْخُلُقُونَ ۝ ٣٥ أَمْ خُلِقُوا مِنَ الْأَرْضِ بَلْ لَا يُوقِنُونَ ۝ ٣٦﴾

{ Ingabe badalwa bengenamdali, noma yibona abadali?35

Noma badala amazulu nomhlaba na; kepha abaqinisekanga36 [At-Tur: 35-36].

Njengoba singazidalanga thina, futhi kungenakwenzeka ukuba savela kokungekho noma ngengozi, ngakho-ke iqiniso okungekho kungabaza kulo yileli: ukuthi le ndawo yonke kumele ibe noMdali oMkhulu, oNamandla, ngoba akunakwenzeka ukuthi le ndawo yonke izidale yona! Noma ivele kokungekho! Noma ivele ngengozi

Kungani umuntu ekholwa ebukhoneni bezinto angaziboni? Njengokuthi: (ukuqonda, ingqondo, umphefumulo, imizwa, nothando). Akukhona yini ngoba ebona imikhondo yazo? Pho-ke umuntu angabuphika kanjani ubukhona boMdali walo

mkhathi omkhulukazi, ekubeni ebona imikhondo yezidalwa Zakhe, nobuciko Bakhe, nomusa Wakhe?

Akukho muntu ohluzekile engqondweni ongakwemukela ukutshelwa ukuthi: le ndlu yazakhela yona! Noma kuthiwe kuye: ubuze yibo obuyakhile le ndlu! Pho abanye abantu babakholwa kanjani labo abathi: le ndawo yonke enkulu kangaka yaba khona ngaphandle koMdali? Umuntu ohluzekile engqondweni angakwemukela kanjani ukutshelwa ukuthi: konke lokhu kuhleleka okuqondile kwendawo yonke kwavele kwazenzekela?

Konke lokhu kusiholela esiphethweni esisodwa: sokuthi le ndalo ineNkosi enkulu, eNamandla onke, eyengamele, nokuthi iyona yodwa efanelwe ukukhonzwa, nokuthi konke okukhonzwayo ngaphandle kwakhe ukukhonzwa kwako kuyize, futhi akufanele neze kukhonzwe.

INkosi uMdali oMkhulu

Kukhona iNkosi enguMdali eyodwa, nguye uMninimandla, uMphathi, uMondli, ophilisa futhi obangela ukufa, futhi nguye owadala umhlaba wawenza wathobeka, wawenza walungela izidalwa zakhe, futhi nguye owadala amazulu nezidalwa ezikhulu ezikuwo, futhi wamisela ilanga, inyanga, ubusuku nemini lolu hlelo olunembayo olukhomba ubukhulu Bakhe.

Nguye owasibekela umoya esingenakuphila ngaphandle kwawo, nguye owehlisa izimvula wasibekela izilwandle nemifula, nguye owayesondla esivikela siseyimibungu eziswini zomama bethu singenamandla, futhi nguye ogelezisa igazi emithanjeni yethu kusukela ekuzalweni kwethu kuze kube sekufeni kwethu.

Le Nkosi enguMdali noMondli inguAllah Okhazinyulisiwe Nophakeme.

Wathi uAllah oPhezulu kwakho konke:

﴿إِنَّ رَبَّكُمُ اللَّهُ الَّذِي خَلَقَ السَّمَوَاتِ وَالْأَرْضَ فِي سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ اسْتَوَىٰ عَلَى الْعَرْشِ يُعْطِي اللَّيْلَ النَّهَارَ يَطْلُبُهُ حَثِيثًا وَالشَّمْسَ وَالْقَمَرَ وَالنُّجُومَ مُسَخَّرَاتٍ بِأَمْرِهِ ۗ أَلَا لَهُ الْخَلْقُ وَالْأَمْرُ تَبَارَكَ اللَّهُ رَبُّ الْعَالَمِينَ 54﴾

Ngempela iNkosi yenu nguMvelinqangi, owadala amazulu nomhlaba ngezinsuku eziyisithupha, anduba wazinza eSihlalweni Sobukhosi. Wembathisa imini ngobusuku obuyilandelayo ngokushesha, nelanga nenyanga nezinkanyezi kuthotshiswe ngomyalo wakhe. Ngokungangabazeki, kungokwakhe ukudala nomyalo. Ubusisiwe uMvelinqangi, iNkosi yemihlaba. 54 [Al-A'raf 54].

UAllah uyiNkosi enguMdali wako konke okuseNdalweni yonke, kulokho esikubonayo nalokho esingakub oni. Futhi konke okunye ngaphandle kwakhe kuyi ndalo yakhe Akanaye uMlingani sakhe. Nguye ofanele ukukhonzwa Yedwa, nokuthi kungakhonzwa muntu omunye

kanye naye. Akanaye umhlanganyeli embusweni wakhe noma ekudaleni kwakhe noma ekuphatheni kwakhe noma ekukhonzweni kwakhe.

Ukube besingacabanga sithi kukhona abanye onkulunkulu kanye neNkosi, oPhakeme uBukhosi bakhe, ngabe indalo yonke isiyonakele; ngoba akufanele ukuthi izindaba zendalo yonke ziphathwe onkulunkulu ababili ngesikhathi esisodwa. Wathi uAllah oPhezukonke:

﴿لَوْ كَانَ فِيهِمَا آلَ اللَّهِ لَفَسَدَتَا...﴾

Ukube bekukhona kuzo zombili onkulunkulu ngaphandle kukaAllah, ngabe konakele kokubili... [Al-Anbiya:22].

Izimfanelo zeNkosi uMdali

INkosi, uDumo malube Kuyo, inamagama amahle kakhulu angenakubalwa, futhi inezimfanelo eziphakeme eziningi ezinkulu ezibonisa ukuphelela Kwayo. Phakathi kwamagama Akhe kukhona: UMdali, no "Allah" okusho ukuthi: Okhonzwayo ofanele ukukhonzwa Yena Yedwa engenamlingani. NoPhilayo, noMi Ngokwakhe, noNesihe, noMondli, noPhanayo, Uthe uAllah Ophakeme kwiQur'an eNgcwele:

﴿اللَّهُ لَا إِلَهَ إِلَّا هُوَ الْحَيُّ الْقَيُّومُ لَا تَأْخُذُهُ سِنَّةٌ وَلَا نَوْمٌ لَهُ مَا فِي السَّمَوَاتِ وَمَا فِي الْأَرْضِ مَنْ ذَا الَّذِي يَشْفَعُ عِنْدَهُ إِلَّا بِإِذْنِهِ يَعْلَمُ مَا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ وَلَا يُحِيطُونَ بِشَيْءٍ مِّنْ عِلْمِهِ إِلَّا بِمَا شَاءَ وَسِعَ كُرْسِيُّهُ السَّمَوَاتِ وَالْأَرْضَ وَلَا يَئُودُهُ حِفْظُهُمَا وَهُوَ الْعَلِيُّ الْعَظِيمُ﴾ (255)

UAllah! Akekho unkulunkulu (ofanele ukukhonzwa) ngaphandle Kwakhe, Ophila Phakade, uMondli Wakho Konke. Akamenqeli ukozela futhi akalali. Kungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni. Ngubani ongancengela phambi kwakhe ngaphandle kwemvume yakhe na? Wazi okungaphambili kwabo nokungemuva kwabo, futhi abaluhazi lutho olusolwazini lwakhe ngaphandle kwalokho akuthandayo. Isihlalo sakhe Sobukhosi siyakhaqa amazulu nomhlaba, futhi ukukulondoloza kokubili akumkhathazi. Futhi Yena ungoPhezukonke, uMkhulukazi.255 [iSurah Al-Baqarah:255].

Futhi Wathi uAllah Osenhla:

﴿قُلْ هُوَ اللَّهُ أَحَدٌ ۝ اللَّهُ الصَّمَدُ ۝ لَمْ يَلِدْ وَلَمْ يُولَدْ ۝ لَمْ يَكُنْ لَهُ كُفُوًا أَحَدٌ﴾ 4

Yisho: Nguye uAllah, Oyedwa 1

UMvelinqangi, iSiphephelo saphakade 2

Akazalanga, futhi akazalwanga, 3

Futhi akekho noyedwa ofana Naye 4 [Al-Ikhlās 1-4].

INkosi ekhonzwayo inezimfanelo zokuphelela.

Phakathi kwezimfanelo zakhe ukuthi Yena unguNkulunkulu ohlonishwayo nokhulekelwayo, futhi konke okungaphandle kwakhe kuyisidalwa esibophezelekile, esiyalwayo, nesinqotshiwe.

Phakathi kwezimpawu zakhe ukuthi ungu Al-Hayy (oPhila Phakade) no Al-Qayyum (oZimele

oNakekela konke). Ngakho-ke yonke into ephilayo ekhona, uAllah Nguye oyiphilisile futhi oyidalile isuka ekungabini nalutho, futhi Nguye oyinakekelayo ekubeni kwayo khona, esabelweni sayo nasekuyaneleleni kwayo. INkosi iyaphila, ayifi, futhi ukubhubha akunakwenzeka kuyo. UnguMondli wezinto zonke, akalali, kepha akathathwa wukozela nobuthongo.

Phakathi kwezimfanelo zakhe ukuthi Yena unguMazi-konke; akukho lutho olufihlekile kuye emhlabeni noma ezulwini.

Ezimpawini zakhe ukuthi Yena unguMuzwi wakho konke, uMboni wakho konke, ozwa zonke izinto, futhi abone zonke izidalwa. Wazi lokho okuhlebezwa imiphefumulo nalokho okufihlwa yizifuba, futhi akukho lutho olufihlekile kuye, Makadunyiswe, emhlabeni noma ezulwini.

Phakathi kwezimfanelo zakhe ukuthi Yena unguSomandla ongehlulwa yilutho, futhi akekho ongaphikisa intando yakhe. Wenza lokho akuthandayo, avimbele lokho akuthandayo; uqhulisa phambili futhi abuyisele emuva, futhi kungokwakhe ukuhlakanipha okuphelele.

Phakathi kwezimfanelo zakhe ukuthi Yena unguMdali, uMondli, uMhleli wezindaba, owadala indalo wayihlela, futhi indalo isekulawuleni kwakhe okuphelele, ingaphansi kokubusa kwakhe okungenakuphikiswa.

Kuzo izimfanelo zakhe ukuthi Nguye ophendula osesidingweni esikhulu, asize okhalela usizo, futhi asuse inhlupheko. Futhi sonke isidalwa, lapho siwela enhluphekweni noma ebunzimeni, siphendukela Kuye ngokuphoqeleka.

Ukukhonza kungokukaNkulunkulu Ophakeme kuphela, ngoba Yena unguOphелеle ofanelwe yikho yedwa ngaphandle kwakho konke okunye. Futhi konke okukhonzwayo ngaphandle kwakhe kukhonzwa ngobuze, kona akuphelele futhi kubhekene nokufa nokunyamalala.

UAllah oDunyiswayo usiphile izingqondo eziqonda okuthile ngobukhulu bakhe, futhi wafaka kithina imvelo yokuzalwa ethanda okuhle, ezonda okubi, nethola ukuthula lapho iphephela kuAllah, iNkosi yemihlaba yonke. Le mvelo yokuzalwa iyinkomba yokuphelela kwakhe, nokuthi Yena akanakuchazwa ngokungapheleli, Makadunyiswe

Akufanele ukuba onengqondo akhonze omunye ngaphandle koPheleleyo; pho angakhonza kanjani isidalwa esingaphelele njengaye, noma esiphansi kunaye

Okhonzwayo akangabi umuntu noma isithixo noma isihlahla noma isilwane

INkosi ingaphezu kwamazulu ayo, iphakeme phezu kwesihlalo sayo soBukhosi, yehlukene nendalo yayo. Ebuqwini bayo akukho lutho oluvela endalweni yayo, futhi endalweni yayo akukho lutho oluvela ebuqwini bayo. Ayihlali ngaphakathi, futhi

ayithathi isimo somzimba, kunoma iyiphi ingxenye yendalo yayo.

Inkosi akukho lutho olufana nayo; Yona iNgokuzwayo, iNgokubonayo. Akekho noyedwa olingana nayo, Yona izimele ayidingi ndalo yayo. Ayilali futhi ayidli kudla, Yona ingoMkhulu; akunakwenzeka ukuba ibe nomfazi noma indodana. Ngakho-ke uMdali unezimpawu zobukhulu, futhi ngeze achazwa ngesidingo noma ngokuntula.

Wathi uAllah Ophakeme:

﴿يَا أَيُّهَا النَّاسُ ضَرْبٌ مِّثْلٌ فَأَسْتَمِعُوا لَهُ إِنَّ الَّذِينَ تَدْعُونَ مِنْ دُونِ اللَّهِ لَنْ يَخْلُقُوا ذُبَابًا وَلَوْ اجْتَمَعُوا لَهُ وَإِنْ يَسْلُبْهُمْ الذُّبَابُ شَيْئًا لَا يَسْتَنْفِذُوهُ مِنْهُ ضَعُفَ الطَّالِبُ وَالْمَطْلُوبُ ۚ مَا قَدَرُوا اللَّهَ حَقَّ قَدْرِهِ إِنَّ اللَّهَ لَقَوِيٌّ عَزِيزٌ ۚ﴾ 74

O nina bantu! Kwenziwe isifaniso, ngakho-ke silaleleni. Ngempela labo enibakhonzayo ngaphandle kukaAllah abasoze badale ngisho impukane, noma ngabe bangahlangana bonke ngenxa yayo. Futhi uma impukane ingabaphuca okuthile, ngeke bakwazi ukukubuyisa kuyo. Buthakathaka umkhuleki kanye nalowo okhulekwayo. 73

Abamlinganisanga uAllah ngokufanele ubukhulu bakhe. Ngempela uAllah unamandla onke, uphakeme ngamandla.﴾74 [Al-Hajj: 73-74]

Wasidalelani lo Mdali Omkhulu? Futhi yini ayifunayo kithina?

Ingabe kunengqondo ukuthi uAllah wadala zonke lezi zidalwa ngaphandle kwenjongo? Ingabe wazidala ngeze, kanti Yena unguSohlakani, uMazikonke?

Ingabe kunengqondo ukuthi Lowo owasidala ngobunyonyinco obukhulu nokuphelela, wasithobela konke okusemazulwini nasemhlabeni, abese esidala ngaphandle kwenjongo, noma asishiye singenazo izimpendulo zemibuzo ebaluleke kakhulu esikhathazayo, enjengokuthi: Kungani silapha? Kukhonani ngemva kokufa? Futhi iyini injongo yokudalwa kwethu?

Ingabe kunengqondo ukuthi kungabikho isijeziso kowenza okubi, nomvuzo kowenza okuhle?

Wathi uAllah, oDunyisiweyo:

﴿أَفَحَسِبْتُمْ أَنَّمَا خَلَقْنَاكُمْ عَبَثًا وَأَنَّكُمْ إِلَيْنَا لَا تُرْجَعُونَ﴾ 115

﴾Kanti benicabanga ukuthi sanidala nje ngeze, nokuthi nina anizukubuyiselwa kithina na?115﴿ [Abakholwayo: 115].

Kunalokho, uAllah wathumela iziThunywa ukuze sazi injongo yokubakhona kwethu, wasiqondisa endleleni yokumkhonza nokusondela kuye, nokuthi yini ayifunayo kithina! Nendlela esingazuza ngayo ukuthokoza kwakhe, futhi wasazisa ngesiphetho sethu emva kokufa?

UAllah wathumela iziThunywa ukuze zisitshele ukuthi Nguye yedwa ofanele ukukhonzwa, siphinde sazi ukuthi simkhonza kanjani, zisidlulisele imiyalo yakhe kanye nalokho akwenqabelayo, futhi zisifundise izimiso ezinhle, okuthi uma siphila ngazo, impilo yethu ibe yinhle igcwale okuhle nezibusiso.

Ngempela uAllah wathumela izithunywa eziningi ezinjengo: (Nowa, Abrahama, Mose, noJesu), wazisekela ngezibonakaliso nezimangaliso ezifakazela ubuqotho bazo nokuthi zithunyiwe zivela Kuye Okhazinyulisiweyo, kanti owokugcina kuzo kwakunguMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye).

IziThunywa zisazisile ngokucace bha ukuthi le mpilo yasemhlabeni iyisivivinyo nokuthi impilo yangempela iyoba ngemuva kokufa.

Nokuthi kukhona iZulu labakholwayo abakhonze uAllah Yedwa engenamlingani futhi bakholwa kuzo zonke iziThunywa; nokuthi kukhona neSihogo uAllah asilungiselele abangakholwa, labo abakhonze onkulunkulu abanye kanye noAllah noma abaphika noma yisiphi isiThunywa seziThunywa zikaAllah.

Uthe uAllah OPhakeme:

﴿يٰٓاَيُّهَا اٰدَمُ اِمَّا يٰٓاَتَيْنٰكَمۡ رُسُلًا مِّنْكُمْ يَفْصُوْنَ عَلٰیكُمْ ءَايٰتِيۡ فَمَنْ اٰتٰقَىٰ وَاَصْلَحۡ فَلَا خَوْفٌ عَلٰیهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُوْنَ ۝۳۵ وَالَّذِيْنَ كَذَّبُوْا بِآيٰتِنَا وَاسْتَكْبَرُوْا عَنْهَا اُولٰٓئِكَ اَصْحٰبُ النَّارِ هُمْ فِيْهَا خٰلِدُوْنَ﴾ 36

O Bantwana baka-Adamu, uma kweza kunina izithunywa ezivela phakathi kwenu zinilandisela amavesi Ami, khona-ke labo abasaba uAllah benze nokulunga, akuyokubakhona ukwesaba phezu kwabo, futhi abayokudabuka. 35

Futhi labo abaphika izibonakaliso zethu futhi bazikhukhumeze ngazo, labo-ke bangabahlali baseMlilweni, bayohlala kuwo ingunaphakade36 [Al-A'raf:35-36].

UAllah oPhezukonke wathi:

﴿يَا أَيُّهَا النَّاسُ اعْبُدُوا رَبَّكُمُ الَّذِي خَلَقَكُمْ وَالَّذِينَ مِنْ قَبْلِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ٢١ الَّذِي جَعَلَ لَكُمُ الْأَرْضَ فِرَاشًا وَالسَّمَاءَ بِنَاءً وَأَنْزَلَ مِنَ السَّمَاءِ مَاءً فَأَخْرَجَ بِهِ مِنَ الثَّمَرَاتِ رِزْقًا لَكُمْ فَلَا تَجْعَلُوا لِلَّهِ أَنْدَادًا وَأَنْتُمْ تَعْلَمُونَ ٢٢ وَإِنْ كُنْتُمْ فِي رَيْبٍ مِمَّا نَزَّلْنَا عَلَىٰ عَبْدِنَا فَأْتُوا بِسُورَةٍ مِثْلِهِ وَادْعُوا شُهَدَاءَكُمْ مِنْ دُونِ اللَّهِ إِنْ كُنْتُمْ صَادِقِينَ ٢٣ فَإِنْ لَمْ تَفْعَلُوا وَلَنْ تَفْعَلُوا فَاتَّقُوا النَّارَ الَّتِي وَقُودُهَا النَّاسُ وَالْجَارَةُ أُعِدَّتْ لِلْكَافِرِينَ ٢٤ وَبَشِّرِ الَّذِينَ ءَامَنُوا وَعَمِلُوا الصَّالِحَاتِ أَنَّ لَهُمْ جَنَّاتٍ تَجْرِي مِنْ تَحْتِهَا الْأَنْهَارُ كُلَّمَا رُزِقُوا مِنْهَا مِنْ ثَمَرَةٍ رَزَقُوا قَالُوا هَذَا الَّذِي رَزَقْنَا مِنْ قَبْلُ وَأَنُوتُوا بِهِ مُتَشَبِهًا وَلَهُمْ فِيهَا أَزْوَاجٌ مُطَهَّرَةٌ وَهُمْ فِيهَا خَالِدُونَ ٢٥﴾

O nina bantu! Khonzani iNkosi yenu eyanidalayo nina kanye nalabo ababengaphambi kwenu, ukuze nesabe. 21

Lowo onenzele umhlaba waba wukhukho, nezulu laba wuphahla, futhi wehlisa amanzi evela ezulwini wabe esekhipha ngawo izithelo zaba yisabelo senu, ngakho-ke ningamenzeli uAllah izimbangi kanti nina niyazi. 22

Futhi uma ninokungabaza ngalokho esikwehlisele encekwini yethu, ngakho-ke lethani

isahluko esisodwa esifana naso, bese nibiza abasizi benu ngaphandle kukaAllah, uma nineqiniso. 23

Kepha uma ningakwenzi, futhi anisoze nakwenza, ngakho-ke zivikeleleni eMlilweni okokubasa kwawo kungabantu namatshe, olungiselelwe abaphikayo 24

Futhi bika izindaba ezinhle kulabo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo, ukuthi okwabo yizivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula. Njalo uma bephiwa isithelo esikuzo njengesiphako, bayothi, “Lokhu yilokhu esasikuphiwe ngaphambilini.” Futhi bayolethwa naso sifana. Futhi bayoba nabangane abahlanzekile kuzo, futhi bayohlala kuzo ingunaphakade.25([Al-Baqarah: 21-25].

Kungani kwathunyelwa Izithunywa eziningi?

Ngempela uAllah wathumela izithunywa zakhe ezizweni, futhi akukho sizwe ngaphandle kokuba uAllah asithumelele isithunywa, ukuze isibamemele ekukhonzeni iNkosi yabo, futhi isibadlulisele imiyalo Yakhe kanye nalokho Akwenqabelayo. Inhloso eyinhloko yobizo lwabo bonke yayiwukuthi: kukhonzwe uAllah kuphela, Ophakeme noMkhulu. Futhi njalo uma isizwe siqala ukushiya noma ukuhlanekezela lokho okwalethwa yisithunywa saso, mayelana nomyalo wokukholelwa ebunyeni bukaAllah, uAllah wayethuma esinye isithunywa ukuze siqondise

indlela, futhi sibuyisele abantu emvelweni yabo yendalo emsulwa ngokukholelwa ebunyeni bukaAllah nangokumlalela Yena.

Waze uAllah wazivala izithunywa ngoMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye), oweza nenkolo ephelele nomthetho waphakade ojikelele kuso sonke isintu kuze kube uSuku lweQiyamah, ophelelisa futhi osula imithetho eyandulelayo, futhi iNkosi ePhakeme neKhazimulayo yaqinisekisa ukuhlala nokuqhubeka kwale nkolo kuze kube uSuku lweQiyamah.

Umuntu ngeke abe okholwayo aze akholwe kuzo zonke izithunywa

uAllah nguye owathuma izithunywa, wayaleza indalo yakhe yonke ukuba izilalele. Lowo ophika isigijimi sesisodwa kuzo, usuke eziphike zonke. Ngakho-ke, asikho isono esikhulu ukwedlula ukuba umuntu enqabe isambulo sikaAllah, futhi ukuze kungene eJannah kumele kukholelwe kuzo zonke izithunywa.

Ngakho-ke, kuyisibopho kuwo wonke umuntu kulesi sikhathi ukuba akholwe kuAllah nasezithunyweni zakhe zonke, futhi akholwe osukwini lokugcina, futhi lokho akupheleli ngaphandle kokukholwa nokulandela owokugcina kubo nesigxivizo sabo, uMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye), owasekelwa

ngesimangaliso esingunaphakade okuyiQur'an eHloniphekile, leyo uAllah azibophezele ukuyilondoloza kuze kube yilapho eyodla ifa lomhlaba nakho konke okukuwo.

UAllah ubalulile kwiQur'an eNgcwele ukuthi noma ngubani onqaba ukukholwa kunoma yisiphi sezithunywa zakhe, ungumphiki kaAllah nomphiki wesambulo sakhe. UAllah oPhezukonke wathi:

﴿إِنَّ الَّذِينَ يَكْفُرُونَ بِاللَّهِ وَرُسُلِهِ وَيُرِيدُونَ أَنْ يُفَرِّقُوا بَيْنَ اللَّهِ وَرُسُلِهِ وَيَقُولُونَ نُؤْمِنُ بِبَعْضٍ وَنَكْفُرُ بِبَعْضٍ وَيُرِيدُونَ أَنْ يَتَّخِذُوا بَيْنَ ذَلِكَ سَبِيلًا ۝ ١٥٠ أُولَٰئِكَ هُمُ الْكَافِرُونَ حَقًّا وَأَعْتَدْنَا لِلْكَافِرِينَ عَذَابًا مُّهِينًا ۝ ١٥١﴾

Ngempela labo abangakholwa kuMvelinqangi nezithunywa zakhe futhi bafuna ukwehlukana phakathi kukaMvelinqangi nezithunywa zakhe, futhi bathi, “Siyakholwa kwezinye futhi asikholwa kwezinye,” futhi bafuna ukuthatha indlela phakathi kwalokho. 150

Yilabo-ke bona abangakholwayo ngeqiniso. Futhi sabalungiselela abangakholwayo isijeziso esilulazayo 151 [An-Nisā': 150-151].

Ngakho-ke thina makholwa sikholelwa kuAllah nasosukwini lokugcina -njengoba uAllah eyalile futhi sikholelwa kuzo zonke izithunywa nezincwadi zangaphambili, wathi uAllah oPhezukonke:

﴿ءَامَنَ الرَّسُولُ بِمَا أُنزِلَ إِلَيْهِ مِنْ رَبِّهِ وَالْمُؤْمِنُونَ كُلٌّ ءَامَنَ بِاللَّهِ وَمَلَكِهِ وَكُتُبِهِ وَرُسُلِهِ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ أَحَدٍ مِنْ رُسُلِهِ وَقَالُوا سَمِعْنَا وَأَطَعْنَا غُفْرَانَكَ رَبَّنَا وَإِلَيْكَ الْمَصِيرُ ۝ ٢٨٥﴾

IsiThunywa sikholelwe kulokho okwembulwe kuso okuvela eNkosini yaso, kanjalo nabakholwayo. Bonke bakholelwe kuAllah, nasezingelosini zakhe, nasezincwadini zakhe, nasezithunyweni zakhe bethi, “Asenzi mehluko phakathi kwanoma yisiphi ezithunyweni zakhe.” Futhi bathi, “Sizwile futhi salalela. Intethelelo yakho, Nkosi yethu, futhi kukuwe ukubuyela kokugcina.”²⁸⁵ [Al-Baqarah 285].

Yini iQur'an eNgcwele?

IQur'an eNgcwele iyizwi likaAllah oPhezukonke nesambulo sakhe asehlisela isithunywa sokugcina uMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye), futhi iyisimangaliso esikhulu kunazo zonke esifakazela ubuqotho bobuPhrofethi bakhe, futhi iQur'an eNgcwele iyiqiniso ezahlulelweni zayo nasezindabeni zayo,

UAllah wabekela inselelo abaphikisi ukuba balethe neSurah eyodwa nje efana nayo, base behluleka ukwenza lokho; ngenxa yobukhulu bokuqukethwe kwayo nokuhlanganisa kwayo konke okuphathelene nomuntu empilweni yasemhlabeni nakwelizayo, futhi iqukethe wonke amaqiniso okukholwa okufanele kukholwe kuwo.

Kanjalo iqukethe imiyalo nezinqabelo okufanele umuntu aphile ngazo, kungaba phakathi kwakhe neNkosi yakhe, noma phakathi kwakhe naye uqobo, noma phakathi kwakhe nazo zonke ezinye izidalwa,

konke lokho kwethulwe ngesitayela esiphakeme sobunyoninco nokucacileyo.

Futhi iqukethe ubufakazi obuningi obunengqondo namaqiniso angokwesayensi okubonisa ukuthi leNcwadi ayinakuba umsebenzi wabantu, kunalokho iyizwi leNkosi yesintu, udumo malube kuye, OPhakeme.

Yini i-Islam?

i-Islam wukuzinikela kuAllah oPhezukonke ngokumenza munye, nokuzithoba kuYe ngokumlalela, nokulandela umthetho wakhe ngokwaneliseka nangokwemukela, nokuphika konke okukhonzwayo ngaphandle kukaAllah.

Futhi uAllah uthumile izithunywa ngomlayezo owodwa, okungukuthi: ukubizela ekukhonzeni uAllah yedwa ongenamhlanganyeli, kanye nokulahla konke okukhonzwayo ngaphandle kwakhe.

I-Islam iyinkolo yabo bonke abaphrofethi; umbiko wabo wawumunye kodwa izimiso zabo zazihlukile. Amamuslim anamuhla yiwona wodwa abambelele enkolweni eyiqiniso eyalethwa yibo bonke abaphrofethi, futhi umbiko we-Islam kulesi sikhathi uyiqiniso, uwumbiko wokugcina ovela kuMdali oya esintwini.

Ngakho-ke iNkosi eyathumela uAbrahama, uMose, noJesu, ukuthula makube kubo, yiyo eyathumela isithunywa sokugcina uMuhammad,

ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye, futhi umthetho we-Islam weza usuchitha imithetho eyandulele.

Impela zonke izinkolo abantu abakhonza ngazo namuhla -ngaphandle kwe-Islam- ziyizinkolo ezenziwe umuntu, noma izinkolo ezazivela kuNkulunkulu zase ziphazanyiswa isandla somuntu, zaphenduka ingxubevange yezinkolelo-ze eziyize, nezinganekwane eziyifa, kanye nemizamo yabantu yokuqondisa.

Ngokuqondene nenkolo yamamuslim, iyinkolo eyodwa ecacile futhi engaguquki, njengoba nenkonzo yabo abakhonza ngayo uAllah iyinye, ngokuba bonke bayayenza imithandazo emihlanu, bakhophe umnikelo wengcebo yabo, futhi bazile inyanga yokuzila(Ramadhan). Futhi cabanga ngomthethosisekelo wabo, oyiQur'an ehloniphekile, ngoba iyincwadi eyodwa kuwo wonke amazwe. Wathi uAllah ophezukonke:

﴿...الْيَوْمَ أَكْمَلْتُ لَكُمْ دِينَكُمْ وَأَتِمَمْتُ عَلَيْكُمْ نِعْمَتِي وَرَضِيتُ لَكُمُ الْإِسْلَامَ دِينًا فَمَنِ اضْطُرَّ فِي مَخْمَصَةٍ غَيْرَ مُتَجَانِفٍ لِإِثْمٍ فَإِنَّ اللَّهَ غَفُورٌ رَحِيمٌ﴾

"...Ngalolu suku ngiphelelisele kini inkolo yenu, futhi ngagcwalisa phezu kwenu ububele bami, futhi nginikhethela i-Islam ukuba ibe yinkolo. Ngakho-ke lowo ophoqeletwa yindlala enkulu ngaphandle kokuthambekela esonweni, ngempela uAllah ungothethelelayo, unomusa." [iSurah Al-Maidah:3].

Futhi wathi uAllah Ophakeme kwiQur'ani:

{قُلْ ءَامَنَّا بِاللّٰهِ وَمَا أُنزِلَ عَلَيْنَا وَمَا أُنزِلَ عَلَىٰ إِبْرٰهِيْمَ وَإِسْمٰعِيْلَ وَإِسْحٰقَ وَيَعْقُوبَ
وَالْأَسْبَاطِ وَمَا أُوتِيَ مُوسَىٰ وَعِيسَىٰ وَالنَّبِيُّونَ مِنْ رَبِّهِمْ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ أَحَدٍ مِنْهُمْ
وَنَحْنُ لَهُ مُسْلِمُونَ ٨٤ وَمَنْ يَبْتَغِ غَيْرَ الْإِسْلَامِ دِينًا فَلَنْ يُقْبَلَ مِنْهُ وَهُوَ فِي الْآخِرَةِ
مِنَ الْخٰسِرِينَ 85}

Ithi, “Sikholwa kuAllah nakulokho okwembulwa kithina nakulokho okwembulwa kuAbrahama noIsmayeli noIsaka noJakobe nezizwe, nalokho okwanikwa uMose noJesu(Isa) nabaphrofethi okuvela eNkosini yabo. Asenzi mehluko phakathi kwanoma yimuphi kubo, futhi thina kuye siyazinikela.”84

Futhi noma ngubani ofisa enye inkolo ngaphandle kwe-Islam, akusoze kwamukelwa kuye, futhi kwelizayo uyoba ngomunye wabalahlekelweyo. 85 [Al Imran: 84-85].

Inkolo yobumuslim iyindlela yokuphila ephelele, evumelana nemvelo yokudalwa komuntu kanye nengqondo, futhi yemukelwa yimiphefumulo eqotho. Yamiswa nguMdali omkhulu ezidalweni zakhe, futhi iyinkolo yokulunga nenjabulo kubo bonke abantu kulomhlaba nakwelizayo. Ayibandlululi ngokobuhlanga noma ngokwebala, futhi abantu bayalingana kuyo. Akekho umuntu enkonzweni yamamuslim ophakeme kunomunye ngaphandle kwangezinga lezenzo zakhe ezinhle.

Wathi uAllah oPhezukonke:

{مَنْ عَمِلَ صَالِحًا مِّنْ ذَكَرٍ أَوْ أَنشَأَ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَلَنُحْيِيَنَّهٗ حَيٰوةً طَيِّبَةً وَلَنَجْزِيَنَّهُمْ أَجْرَهُمْ بِأَحْسَنِ مَا كَانُوا يَعْمَلُونَ 97}

Noma ngubani owenza isenzo esihle, engaba owesilisa noma owesifazane, futhi eyikholwa, ngakho-ke ngempela siyomphilisa impilo enhle, futhi ngempela siyobavuzwa ngomvuzo wabo ngokungcono kakhulu kwalokho ababekwenza 97 [An-Nahl:97].

I-Islam iyindlela yenjabulo.

I-Islam iyinkolo yabo bonke abaprofethi nekaAllah kubo bonke abantu, akusiyona inkolo eqondene nama-arabhu kuphela.

I-Islam iyindlela yenjabulo yeqiniso kulomhlaba, kanye nentokozo yaphakade kwelizayo.

I-Islam yiyona nkolo okuwukuphela kwayo egcwalisa izidingo zomphefumulo nomzimba, futhi iyisixazululo sazo zonke izinkinga zesintu. Wathi uAllah ophezukonke:

﴿قَالَ أَهْبِطَا مِنْهَا جَمِيعًا بَعْضُكُمْ لِبَعْضٍ عَدُوٌّ فَإِمَّا يَأْتِيَنَّكُمْ مِنِّي هُدًى فَمَنِ اتَّبَعَ هُدَايَ فَلَا يَضِلُّ وَلَا يَشْقَى 123 وَمَنْ أَعْرَضَ عَن ذِكْرِي فَإِنَّ لَهُ مَعِيشَةً ضَنْكًا وَنَحْشُرُهُ يَوْمَ الْقِيَمَةِ أَعْمَى﴾ (124)

Wathi: “Yehlani kuyo nonke; abanye benu bayoba yizitha kwabanye. Ngakho-ke nxa kufika kini isiqondiso esivela kimi, lowo olandela isiqondiso sami ngeke aduke futhi ngeke ahlupheke.” 123

Kepha lowo ofulathela esikhumbuzweni sami, ngakho-ke ngempela uyoba nempilo ecindezelweyo, futhi siyomvusa ngosuku lokuvuka kwabafileyo eyimpumputhe)124([Taha: 123-124].

Lihlomula ngani iMuslim emhlabeni nase-Akhirah?

UbuMuslim bunezinzuzo ezinkulu, okubalwa kuzo:

Impumelelo nesithunzi kulo mhlaba kungukuthi umuntu abe yinceku kaNkulunkulu, uma kungenjalo, uba yinceku yezifiso, nosathane, nezinkanuko.

- Ukunqoba e-akhirah wukuthi uAllah amthethelele umuntu, ukuthokoza kwakhe kube phezu kwakhe, uAllah amngenise ezulwini, azuze intokozo nobumnandi obungapheliyo, futhi asinde esijeziweni somlilo.

- Ukuthi ikholwa ngosuku lokuvuka kwabafileyo liyoba nabaphrofethi, nabaqinisileyo, nabafelukholo, nabalungileyo, yeka ubuhle balobo bungani, kanti lowo ongakholwa uyokuba nabacindezeli, nababi, nezigebengu, kanye nabonakalisi.

- Labo abangeniswa uAllah ezulwini, bayophila ebumnandini baphakade ngaphandle kokufa, ukugula, ubuhlungu, ukuguga, noma usizi, futhi bayonikezwa konke abakufisayo. Kanti labo abangena esihogweni, bayoba sekuhlushweni okungunaphakade, okungapheliyo, nokunganqamukiyo.

- Ezulwini kukhona ubumnandi obungakaze bubonwe yiso, bungakaze buzwiwe yindlebe, futhi

bungakaze bungene engqondweni yomuntu. Futhi phakathi kobufakazi balokho yizwi lakhe ophakeme:

﴿مَنْ عَمِلَ صَالِحًا مِّنْ ذَكَرٍ أَوْ أَنشَأَ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَلَنُحْيِيَنَّهٗ حَيَاةً طَيِّبَةً وَلَنَجْزِيَنَّهُمْ أَجْرَهُم بِأَحْسَنِ مَا كَانُوا يَعْمَلُونَ﴾ 97

Noma ngubani owenza okulungileyo, kungaba owesilisa noma owesifazane, kanti engokholwayo, ngempela siyomphilisa impilo emnandi; futhi ngempela siyobanika umvuzo wabo ngokungcono kakhulu kwalokho ababekwenza. 97 [Izinyosi: 97]

Wathi oPhezukonke:

﴿فَلَا تَعْلَمُ نَفْسٌ مَّا أُخْفِيَ لَهُم مِّن قُرَّةِ أَعْيُنٍ جَزَاءُ بِمَا كَانُوا يَعْمَلُونَ﴾ 17

)}Akekho umphefumulo owaziyo lokho okufihlelwe bona okuyintokozo yamehlo, njengomvuzo ngalokho ababekwenza17{ [As-Sajdah:17].

Ulahlekelwa yini ongesilo iMuslim?

Umntu uyolahlekelwa ulwazi olukhulukazi nokuqonda, oluwukuqonda nolwazi ngoAllah, futhi uyolahlekelwa ukholo kuAllah olunika umuntu ukuphepha nokuzola kulo mhlaba nobumnandi obungunaphakade e-Akhirah.

Umntu uzolahlekelwa ukukholwa nokulandela incwadi enkulu kunazo zonke uAllah ayeyehlisele kubantu.

Uyolahlekelwa ukukholwa kubaPhrofethi abakhulu, njengoba eyolahlekelwa nokuba nabo eJannah ngosuku Lokwahlulela, abe engumngane

wosathane, wezoni, kanye nabacindezeli emlilweni wesihogo saseJahannam. Futhi yeka ububi baleyo ndawo yokuhlala nalobo bungane

Wathi uAllah oPhezukonke:

﴿قُلْ إِنَّ الْخَاسِرِينَ الَّذِينَ خَسِرُوا أَنْفُسَهُمْ وَأَهْلِيَهُمْ يَوْمَ الْقِيَمَةِ أَلَا ذَلِكَ هُوَ الْخَسِرَانُ
الْمُيْبِنُ 15 لَهُمْ مِنْ فَوْقِهِمْ ظُلَلٌ مِنَ النَّارِ وَمِنْ تَحْتِهِمْ ظُلَلٌ ذَلِكَ يُخَوِّفُ اللَّهَ بِهِ
عِبَادَهُ يَعْبُدُونَ 16﴾

Yisho, “Ngempela abalahlekelweyo yilabo abalahlekelwe yimiphefumulo yabo kanye nemindeni yabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo. Ngeqiniso, lokho kuwukulahlekelwa okusobala.” 15

Bayokuba nezithunzi zomlilo ngaphezu kwabo, futhi nangaphansi kwabo kube yizithunzi. Ngalokho uAllah wesabisa izinceku zakhe. Oh Zinceku zami, ngakhoke ngesabeni! 16 [Az-Zumar: 15-16].

Lowo ofisa insindiso e-Akhirah, kumele abe iMuslim olalelayo kuAllah, olandela isithunywa sakhe, ukuthula nezibusiso zikaAllah makube phezu kwakhe.

Kumaqiniso okuvunyelwene ngawo ngabaPhrofethi nezithunywa, ukuthula makube phezu kwabo, wukuthi akekho oyosinda empini ngaphandle kwamaMuslim, labo abakholwa kuAllah oPhezukonke futhi abangamenzeli abahlanganyeli ekumkhonzeni kwakhe, nabakholwa kubo bonke abaPhrofethi nezithunywa. Ngakho-ke bonke abalandeli

bezithunywa, abakh olwayo kuzo beziqinisekisa, bayongena ezulwini, futhi basinde emlilweni.

Ngakho-ke, labo ababephila esikhathini soMphrofethi uMose bakholwa kuye futhi balandela izimfundiso zakhe, babengabazinikele kuAllah nabakholwayo abalungileyo. Nokho, emva kokuba uAllah ethumele u-Jesu, kwaba yisibopho kubalandeli bakaMusa ukuba bakholwe ku-Jesu futhi bamlandele.

Ngakho-ke lowo okholwa kuJesu, labo bangamaMuslim alungileyo, kanti lowo owenqaba ukukholwa kuJesu wathi uzohlala enkolweni kaMoses, lowo akayena okholwayo; ngoba wenqabile ukukholwa kumphrofethi uAllah amthumileyo.

Ngemuva kokuthi uAllah ethumele isithunywa sokugcina, uMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube kuye), kwaba yimpoqo kubo bonke ukuba bakholwe kuye. Ngoba iNkosi yiyo eyathumela uMose noJesu, futhi yiyo eyathumela uphawu lwezithunywa, uMuhammad. Ngakho-ke, noma ngubani ophika umlayezo kaMuhammad (ukuthula nezibusiso zika-Allah makube kuye) abesethi, “Ngiziqhubeka nokulandela uMose noma uJesu,” lowo muntu akasiye okholwayo.

Futhi akwanele ukuba umuntu athi uyabahloni amaMuslim, futhi akwenelanga ekusindisweni kwakhe e-Akhirah (empini ezayo) ukuba enze umnikelo futhi asize abaswelayo, kunalokho,

kumele abe nokholo kuAllah nasezincwadini zakhe, nasezithunyweni zakhe, nasesukwini lokugcina; ukuze uAllah amukele lokho kuye! Ngakho-ke asikho isono esikhulu esidlula ukwenzela uAllah abahlanganyeli (i-Shirk) nokungakholwa kuAllah (i-Kufr), nokwenqaba isambulo uAllah asithumele, noma ukuphika ubuPhrofethi boMphrofethi wakhe wokugcina, uMuhammad (ukuthula nezibusiso zikaAllah makube phezu kwakhe).

Ngakho-ke amaJuda namaKrestu kanye nabanye abezwa ngokuthunywa kukaMuhammad isithunywa sikaAllah ﷺ kodwa banqaba ukukholwa kuye kanye nokungena enkolweni yobuIslam, bayoba semlilweni wesihogo, bayohlala kuwo ingunaphakade. Futhi lesi isahlulelo sikaAllah, akusona esanoma yimuphi umuntu. Wathi oPhakeme:

﴿إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا مِنْ أَهْلِ الْكِتَابِ وَالْمُشْرِكِينَ فِي نَارِ جَهَنَّمَ خَالِدِينَ فِيهَا أُولَئِكَ هُمْ شَرُّ الْبَرِيَّةِ﴾⁶

Ngempela, labo abangakholwa phakathi kwabantu bencwadi kanye nabahlanganisa abanye noAllah bazoba semlilweni weJahannam, bayohlala kuwo ingunaphakade. Yibona abayizidalwa ezimbi kunazo zonke.⁶ [Al-Bayyinah:6].

Futhi njengoba umyalezo wokugcina wehlisiwe uvela kuAllah uya esintwini, kuyisibopho kuye wonke umuntu ozwa ngelIslam nangomyalezo woMphrofethi wokugcina uMuhammad (ukuthula

nezibusiso zikaAllah makube kuye), ukuba akholwe kuye, alandele iShari'ah yakhe, futhi amlalele emiyalweni yakhe nasekwenqabeleni kwakhe. Ngakho-ke, lowo ozwa ngalo myalezo wokugcina kodwa awenqabe, uAllah ngeke amukele lutho oluvela kuye, futhi uzomjezisa e-Akhirah.

Futhi phakathi kobufakazi balokho yizwi lakhe oPhezukonke:

﴿وَمَنْ يَبْتَغِ غَيْرَ الْإِسْلَامِ دِينًا فَلَنْ يُقْبَلَ مِنْهُ وَهُوَ فِي الْآخِرَةِ مِنَ الْخَاسِرِينَ﴾ 85

»Futhi lowo ofuna enye inkolo ngaphandle kwe-Islam, ayisoze yamukelwa kuye, futhi empilweni ezayo uyokuba ngomunye wabalahlakelweyo85﴿ [Aal-Imran 85]

Futhi wathi oPhezukonke:

﴿قُلْ يَا أَهْلَ الْكِتَابِ تَعَالَوْا إِلَى كَلِمَةٍ سَوَاءٍ بَيْنَنَا وَبَيْنَكُمْ أَلَّا نَعْبُدَ إِلَّا اللَّهَ وَلَا نُشْرِكَ بِهِ شَيْئًا وَلَا يَتَّخِذَ بَعْضُنَا بَعْضًا أَرْبَابًا مِنْ دُونِ اللَّهِ فَإِنْ تَوَلَّوْا فَقُولُوا اشْهَدُوا بِأَنَّا مُسْلِمُونَ﴾ 64

Ithi, nina bantu bencwadi! wozani ezwini elifanayo phakathi kwethu nani; lokuthi singakhonzi omunye ngaphandle kuka-Allah, futhi singamenzeli abahlanganyeli, futhi abanye bethu bangathathi abanye babe ngamakhosi ngaphandle kuka-Allah.' Uma-ke befulathela, itshani: 'Fakazani ukuthi thina singama-Muslim'64 [Al-Imran: 64].

Kuyini okuyisibopho kuyiMuslim?

Kuyisibopho kuyiMuslim ukukholelwa kulezi zinsika eziyisithupha:

Ukukholwa kuAllah oPhezukonke, nokuthi yena unguMdali, uMondli, uMhleli wezindaba, neNkosi. Akukho lutho olufana naye, futhi akanaye unkosikazi noma ingane. Nokuthi Yena yedwa ofanele ukukhonzwa, nokuthi kungakhonzwa okunye ngaphandle kwakhe. Nokuqiniseka ukuthi ukukhonzwa kwakho konke okukhonzwayo ngaphandle kwakhe kuwukukhonza okuyize.

Ukukholwa ezingelosini kungukuthi ziyizinceku zikaAllah Ophakeme, wazidala ngokukhanya, futhi omunye wemisebenzi yazo wukwehlisa isambulo kubaphrofethi bakhe.

Ukukholwa kuzo zonke izincwadi uAllah azembula kubaPhrofethi bakhe (njengeTorah neVangeli -ngaphambi kokuguqulwa kwazo-) futhi incwadi yokugcina yiQur'an eNgcwele.

Ukukholwa kuzo zonke izithunywa njengoNoah, noAbraham, noMose, noJesu, kanye nowokugcina kubo uMuhammad, bona bengabantu, uAllah wabasekela ngesambulo futhi wabanika izibonakaliso nezimangaliso ezifakazela ubuqotho babo.

Ukukholwa ngosuku lokugcina, lapho uAllah eyovusa abokuqala nabokugcina, futhi uAllah ahlulele phakathi kwezidalwa zakhe, angenise abakholwayo ezulwini nabangakholwa emlilweni.

Ukukholwa kwiQadar, nokuthi uAllah wazi zonke izinto, lokho okwenzeka esikhathini esedlule nalokho okuzokwenzeka esikhathini esizayo,

nokuthi uAllah usekwazi lokho wakubhala, wakumisela, futhi wadala zonke izinto.

Ukuthi ukhonze uAllah ngalokho akumisele okufana neSalāh, neZakat, neSiyam, kanye neHajj uma unamandla okwenza njalo, bese-ke kufanele afunde inkolo yakhe eyoba umthombo wenjabulo yakhe kulo mhlaba kanye nensindiso yakhe e-Ākhirah.

الفهرس

Ubani owadala indalo yonke? Futhi ubani owangidala? Futhi kungani?	2
Ubani owadala indalo yonke? Futhi ubani owangidala? Futhi kungani?	2
INkosi uMdali oMkhulu	4
Le Nkosi enguMdali noMondli inguAllah Okhazinyulisiwe Nophakeme.....	5
Izimfanelo zeNkosi uMdali.....	6
INkosi ekhonzwayo inezimfanelo zokuphelela.	7
Wasidalelani lo Mdali Omkhulu? Futhi yini ayifunayo kithina?	11
Kungani kwathunyelwa Izithunywa eziningi?	14
Umuntu ngeke abe okholwayo aze akholwe kuzo zonke izithunywa.....	15
Yini iQur'an eNgcwele?.....	17
Yini i-Islam?	18
I-Islam iyindlela yenjabulo.	21
Lihlomula ngani iMuslim emhlabeni nase-Akhirah?	22
Ulahlekelwa yini ongesilo iMuslim?.....	23
Lowo ofisa insindiso e-Akhirah, kumele abe iMuslim olalelayo kuAllah, olandela isithunywa sakhe, ukuthula nezibusiso zikaAllah makube phezu kwakhe.	24
Kuyini okuyisibopho kuyiMuslim?	27